



agriculture  
& rural development

---

Department:  
agriculture  
& rural development

**PROVINCE OF KWAZULU-NATAL**

Communication Services

Ilanga langesonto – Page 2

23 September 2018


# SETHULELWE ISIGQOKO ISILO SAKWAKHETHOMTHANDAYO

## KNOWLEDGE SIMELANE

SETHULELWE isigqoko noma singasekho iSilo saKwaKhethomthandayo, uCyprian Bhekuzulu kaSolomon, onguyise weSilo esibusayo manje, uZwelithini, ngokuzithoba kwaso sithukwa ngabantu bakwaMthethwa eMpangeni, sifuna kwakhiwe ikolishi lezolimo.

Emcimbini wokugujwa kweminyaka engama-50 lakhiwa ikolishi i-Owen Sithole College Of Agriculture, obuseCwaka, eMpangeni, ngoLwesihlanu, kuvele okuningi okubuhlungu okwenzeka ngokuzalwa kwalesi sikhungo.

INkosi yendawo uMbusoba bathethwa Mthethwa ikhulume yaqeqebula, ilanda ukuthi kwabanzima kanjani kuyise owayephethe ngaleso sikhathi uNtembaya bathethwa Mthethwa ukuba athambise izinhliziyi zabantu bakhe ababakhe kuleya ndawo ukuba bagudluke, kwakhiwe ikolishi.



“ISilo uBhushobukhali yiso esaqhamuka nombono wokuba kwakhiwe ikolishi elizoqeqesha intsha kwezolimo, sibambisene neNkosi Mangosuthu Buthelezi ngoba kwakunenkinga yokuthi izingane zethu ziyothekela ulwazi kwezinye izifundazwe.

“Izingoxoxo zaqala ng-1962 nga-

phansi kwesihlahla somkhiwane esisekhona nanamuhla. ISilo safika abantu bevutha bhe besithuka, besho zonke izinto abazithandayo, abanye bengazi ukuthi singubani.

“Ubaba waze wawabizela eceleni amanye amadoda ewachazela ukuthi yiNgonyama kaZulu

lena abangayihloniphi, kwaba yima-ke behlisa imimoya. Kodwa noma kunjalo inkinga kwaba ukuthi bazosuswa bayiswephi.

“Izindawo ababekhonjwe zona abazithandanga, bagcina sebevuma ukuya Ocilwane, bathenjiswa nokunikwa umhlaba othe xaxa, saqala ukwakhiwa isikole ngo-1963,” kusho iNkosi Mthethwa.

Income kakhulu ikolishi, yathi lenza omkhulu umehluko ezipilweni zabantu baseMpangeni ngisho nasemazweni angomakhelwane. Inxuse ukuba kuqinise isandla kwizigilamkhuba ezizama ukungasihloniphi lesi sikhungo, yamneoma umphathi kolishi, uMnu Siyabonga Mazibuko, ne-thimba lakhe.

UNgqongqoshe wezoLimo namaHlathi, uMnu Themba Mthembu, uvule itshe lesikhumbuzo ngaphansi kwesihlahla somkhiwane lapho iSilo uCyprian sasihlanganela khona nabantu baKwaMthethwa kubhungwa ngokwakhiwa kwekolishi.

Uphinde wavula indawo ehlanganisa umtapo wolwazi, nendlu yezobuchwepheshe bamakhompyutha enikelelwe ngabakwa-MTN. Ubonge abaxhasi besikole bakwaTongaat Hulett noMTN.

UMnu Mthembu ubuye wemukela isicelo somndeni weNkosi u-Owen Sithole sokuba kulungiswe amaphutha ekubhalweni kwesibongo nokuba abizwe ngenkosi kunokuba avele agagulwe

**Besho zonke izinto abazithandayo, bengazi ukuthi singubani iSilo.**